

# USARS ne-NPA: Isitatimende sazezindaba esihlanganisiwe mayelana nokubeka eqhulwini ubugebengu bentela

**Tshwane 14 kuNhlaba 2021** – UMnu. Edward Kieswetter uKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) noMmeli omkhulu uShamila Batohi onguMqondisi kaZwelonke wabaShushisi boMphakathi (NDPP), bavumile ukuqhubeka nokusebenzisana okuthuthukisiwe kokubhekana nezinsela ezisemqoka zobugebengu bentela kanye nokungathobeli, ukuwohloka kwentela engenayo kanjalo nesithunzi sohlelo lwentela.

Ngenkathi lokhu kusebenzisana okuthuthukisiwe kubhekana nezinxaxaxa ezahlukene, ukugxila okwenzeka manje kuzoba sekungathobelini kwabaqashi, ababamba i-Pay as You Earn (PAYE), bese bengayibuyisi kwaSARS leyo mali, baphinde bangawabuyisi amaphepha abo entela uma kudingeka, kanjalo nezinye izenzo zenkohlakalo ezivamile.

I-NDPP kanye noKhomishana bazwakalise ukukhathazeka kwabo ngomkhuba wokungajeziswa kanye nezenzo zenkohlakalo ezingabonisi amahloni ezibikwa mihla namalanga. Ngenxa yalokhu, amaphupho ekusasa elingcono kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika ayashabalala ngenxa yendlela yokuziphatha engemthetho nenobugebengu okwenziwa abanye emkhakheni ozimele nokahulumeni.

Bayavuma ukuthi yize i-NPA noSARS benemiyalelo eyehlukene, kodwa banenhloso efanayo. Bakhulume ngokuthi balangazelela ukuthi abantu babhekane namacala enkohlakalo. Lokhu kuzokwenzeka ngokuthi kubhekwane nomkhuba wokungathobeli ngokuthi abakhokhintela babe nesibophezelo somthetho.

Ukubonakalisa lokhu kusebenzisana, uMnyango ophenya uBugebengu kwaSARS uzoba nalabo abazosebenzisana eduze ne-NPA oPhikweni lwayo oluKhethekile lwentela i-*Specialised Tax Units* ukuze kulungiswe amacala azoshushiswa. Lokhu kuzokwenziwa ngendlela ehlelekile ezweni lonke. Ukubambisana ekushushiseni kuzoqala kugxile kubaqashi abangathobeli.

UMnyango oPhenya uBugebengu kwaSARS kumanje usunike i-NPA amacala abaqashi abangama-30 abangathobeli, kanti manje basebenzela ukuhlonza nokubeka eqhulwini amanye futhi amacala. Abaholi ekuphenyweni kwamacala obugebengu bezifunda kwaSARS kanye nabaqondisi be-STU bezifunda ze-NPA bazofaka lamacala ngosuku oluthile esifundeni ngasinye.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne-SARSMedia noma ushayele uSipho Ngwema, uSomlomo kaZwelonke we-NPA kule nombolo 081 253 8889.